




# INGEDE

January 2022  
Volume 25  
Number 1

## OKUQUKETHWE



**Qaphela**



### ASIQAPHELENI:-

Uma ubona ukuthomba komoba okuphuzi (orange rust) thinta umeluleki wakho ngokuphuthuma, lesisifo siyingozi kakhulu kwiMboni yomoba **(ikhasi 11)**.



### SIWUPHATHA KANJANI UMOBA ONGAHLAHLKANGA:-

Isimo esilima kuso siyaguquguquka okuphoqa ukuthi izinhlelo zingahambi njengenjwayelo, umlimi kuningi okumele akuqaphele **(ikhasi 3-4)**.



### ESMONTI UKULIMA KUYABAPHILISA:-

Ukuphumelela kwabalimi baseSmonti kugaqquzele abanye ukuthi babeyingxenywe yaloMphilandawonye **(ikhasi 5-6)**.



### USUKU LOKUBONGA ABALIMI:-

Isasasa abalimi behlelelwe usuku lokubungaza nochwepheshe, abeluleki nabahlinzeki bezinsiza zezolimo Ogwini oluseNyakatho **(ikhasi 7-8)**.



# Umyalezo wabalimi:

Ukungahleli kufana nokuhlelela ukungaphumeleli

**Ibhalwe: nguThulani Masondo (Umpathi wabeluleki bama-SSG kanye nama-LRG)**

Nginibingelele balimi enyakeni omusha ka-2022, nginifisele izilokotho ezinhle nezimnandi zonyaka omusha. Nakuba unyaka ophelile usithwalise kanzima ngenxa yesifo se-COVID-19 sikwazile ukubekezela nokuqhubeka nomsebenzi wethu wokulima. Sikwazile ukumelelana nemigomo nemibandela yalesisifo esiyibekelwe wuHulumeni ukuze siphephise imindeni nabathandiweyo bethu. Ngiyacela ukuthi obengakagomi akagome anxuse nabanye bagome, siwashe izandla ngasosonke isikhathi ngensipho namanzi sisebenzise ama-sanitizer, sifake izimfonyo siphinde sigcine ibanga lokuqhelelana. Asigwemeni izindawo ezinesiminyamina, siphume ekhaya ngoba kunesidingo kuphela.

Nakhu engicela sikhumbuzane khona balimi ukuze ibhizinisi lethu lokulima lihambe kahle:

## Ukulawula ukhula



Asiqikelele ukuthi ukhula emasimini siyalulawula, ngokusebenzisa izibulala-khula (sifuthe) noma sihlakule. Ukuhlakula kuthatha isikhathi eside kanti kugcina sekukwandisele izindleko zokulawula ukhula. Kwesinye isikhathi abasebenzi bayehluleka ukuqeda isitokwe/umgamo wabo banyanyalate umsebenzi ekubeni wena uzokhokha imali egcwele. Uma unamasimu amaningi, qala ngamasimu angangcolile kakhulu ugcine ngonakele kakhulu. Uma ungenalo ulwazi ngezibulala-khula okumele uzisebenzise xhumana nomeluleki wakho wezolimo noma nabezinkampani ezidayisa izibulala-khula bazokulekelela banolwazi olugcwele ngokumele ukwenze. Khumbula amanzi owasebenzisayo kumele kube ahlanzekile, amanozela esiwasebenzisayo akube awomsebenzi lowo owenziwayo ngoba ashobungako bomuthi okwazi ukuwufaka ngehheka. Isifutho sakho kumele sisethwe ukuthi sifutha amanzi angakanani ngehheka. Abasebenzi kumele bafake izimpahla ezizobavikela ekuthelweni yizibulala-khula. Uma kunomoya omkhulu akumele sifuthe

ngoba isibulala-khula sizopheshulwa wumoya. Uma sesiqedile ukufutha isigubhu sokufutha siyahlanzwa. Izipakupaku ebezinezibulala-khula ziyayakazwa kathathu (asiziyakazeli emfuleni noma edanyini), zibhobozwe izimbobo bese zilahlwa endaweni ephiphile yokulahla noma zibuyiselwe la usuke usthenge khona.

## Ukutshala



Ukutshala umoba asikukhuthazi ukuthi kwenziwe ekuqaleni konyaka ngoba izimvula zisuke sezincane ezizotholakala kanti nezinga lokushisa lisuke seliphezulu kakhulu umoba ungabe usaqhuma kahle. Isizathu esenza sincome ukutshala ngeNtwasahlobo wukuthi sisuke sifuna ukuthi umoba wakho uthole izimvula zaseNtwasahlobo ezanele kanye nokushisa kwelanga ukuze umoba wakho uzoqhuma ukhule kahle usheshe uhlanganise ukuvimbela ukhula. Uma kwenzekile kwaba nezimo eziphoqayo ukuthi ugcine usutshale ekuqaleni konyaka omusha akumele utshale sekusebusika sekubanda ngoba umoba ngeke uqhume kahle, umoba udinga ukufudumala komhlabathi kanye nomswakama. Umoba otshalwa sekubanda awuhlangani uba nezikhala ezenza insimu yakho ikunike isivuno esincane kanti nokhula lubayinkinga.

## Izilinganiso zomoba





Baholi babalimi kanye nosonkontileka kumele nenze izilinganiso zomoba ozohlahlwa (cane estimates) eziyela eqinisweni lomoba ozogawulwa, lokhu kusiza iMboni kaShukela ukuthi yazi ukuthi ushukela ozotholakala ungakanani, imishini kumele igaye isikhathi esingakanani (izinyanga), ukunikeza abalimi umthamo womoba okumele bawufake esigayweni ngosuku nanokuthi isigayo kumele sazi ukuthi kumele sigaye umoba ongakanani ngehora. Kumele nenze izinhlelo zokuhlala ngokuvuthwa komoba nanohlobo lomoba ngoba izinhlobo ezahlukene ziba nezinga likashukela elahlukene ngezikhathi ezithile zonyaka.

### Ukushiswa kwamasi



Shisani umoba olingene ukungena esigayweni, makube khona ukuxhumana okuhle phakathi konobhala basemazonini, abaholi babalimi, osonkontileka, abamaloli kanye nomshini ngokuthi kumele kwenziweni mayelana nokugaya komshini. Uma bethi kunenkinga emshinini asingashisi noma singalethi umoba kumele sizame ukuvikela ukonakala komoba okungagcina lowomoba ungasamukelwa wumshini.

### Osonkontileka



Njengoba imishini noma isigayo sizovula, eminye imishini iqala ukugaya ngoNdasa (March) siyacela njengabeluleki ukuthi niqinisekise ukuthi nixoxisana nosonkontileka abazonisiza kusenesikhathi nibe nezivumelwano zokusebenza. Insimu makube enomoba ovuthiwe futhi makube engenalo ukhula ngoba amasi agcwele ukhula asebenzisa osonkontileka kanzima. Nokukalela abahlali intambo kubanzima ngoba umoba osokhuleni uvamisa ukucindezelwa wukhula ungabi bikho. Qasha usonkontileka owaziyo ukuthi uzokwenzela

umsebenzi omuhle nozokhipha umoba wakho ngesikhathi. Siphinde sicele osonkontileka ukuthi baqinisekise ukuthi imishini yabo yokusebenza ikulungele ukwenza umsebenzi (ngamanye amazwi isevisiwe, imali yodizili seniyihlelele kanye nokunye enikudingayo ukwenza umsebenzi). Asikhumbule ukuthi uqashwe ngumlimi uma umlimi ebona okungahambi kahle okwenzakalayo mlalele nibonisane kahle naye umlimi ngokunjalo uma kukhona usonkontileka akhala ngakho makulungiswe.

### Izifundo zosonkontileka



NgoNdasa (March) noma ekupheleni kukaNhlobo (February) sizoba nezifundo zosonkontileka lapho sizobe sibonisana nosonkontileka ngokumele bakwenze ukuze umoba ungene emshinini usenoshukela omningi engakapheli amahora angu-72. Lezi zifundo sizenza iMboni kaShukela yonke okuhlanganisa naseMpumalanga. Siyacela badonsi nabaholi babalimi uma benimema abeluleki kulemihlangano ukuthi niphumelele ngobuningi benu. Ngonyaka ofile sithe uma sesizidlulisile lezi zifundo abadonsi nabaholi bacela izifundo zokuhlala ezaba yimpumelelo kwezinye izifundo mshini ezazenziwa ozakwethu abavela e-Shukela Training Centre (STC).

Okokugcina uma wazi ukuthi kunamasimu ozothanda ukuwatshala kabusha ngo-2023 xoxisana nomeluleki wakho kusemanje ukuze nibonisane ngohlobo lomoba oluhambisana nomhlabathi wakho ongathanda ukulutshala ukuze akuxhumanise nabeThimba leZifo neziNambuzane kanye nokuSatshalliswa kweziNhlobo zoMoba (LPD&VCC) ukuze bathathe isicelo sakho sembewu (uhlobo nenani). Lesicelo sizonikezwa umkhqizi wembewu akutshalele kuleNtwasahlobo ka-2022 ukuze ngeNtwasahlobo ka-2023 ibe isilungile yingakho sithi ukukhiqiza imbewu kuthatha iminyaka emibili. Eminye imibandela mayelana nendawo lakumele utshale khona imbewu yakho uzoyithola kumeluleki wakho womoba.

Ngethembe sizosebenza ngokubambisana. Balimi uma abaholi benu enabakhetha benibizela emihlanganweni qinisekisi ukuthi imihlangano niyayithamela ukuze nithole ukuthi kuvunyelwene ngani nanokuthi yini elindeleke kuwe njengomlimi okumele uyenze. Nani ngokunjalo baholi buyiselani imibiko kubalimi. **Ngiyabonga.**



# Ukuphathwa komoba odluliselwe kwinkathi ezayo yokuhlahla

 **Ibhalwe: ngu-Rowan Stranack (Umpathi wabeluleki kanye nabaqikelela ukuvikeleka komoba)**



Izimo ezingezinhle ezahluahlukene sezenze kwakhula izindawo ezinomoba okumele odluliselwe kwinkathi ezayo yokuhlahla, ikakhulukazi ezindaweni ezingacheleli ezigudle ulwandle namaphakathi nesifunda, lokhu sekuphoqe abalimi nabesigayo ukuthi benze izinhlelo ezihlukile ngomoba ongeke usahlahlwa.

Isisombululo kulenkinga yomthamo okwazi ukugaywa imishini singathatha iminyaka eminingi ukuthi sivele, kodwa okwamanje abalimi kunezinqumo okumele bazithathe ngokushesha. Ukuze abalimi babenolwazi oluthe xaxa ekuphathweni komoba ozodluliselwa kwinkathi ezayo yokugaya, kunezinto abalimi abangazenza ukumelelana nezingqinamba eziza nokungahlali ngesikhathi abebesihlelile.

Zikhona izinto abalimi abangazenza manje esikhathini esifishane, njengokungatshali kabusha indawo enkulu, ukulalisa insimu isikhathi eside, ukugawulela ezansi-nyana kanye nokwehlisa isikali samanyolo. Lokhu kunganciphisa umthamo womoba okumele ugaywe. Kodwa konke lokhu kuza neminye imiphumela, ingcindezi kanye nezinselulo ezinye zazo esizokhuluma ngazo. Sizobalula ezinye zezingqinamba, ikakhulukazi ezihambisana nesimo esibhekene naso sibuye sithinte namasu okungenzeka asize.

## Ukuphathwa komoba obekungahleliwe ukuthi uzodluliselwa kwinkathi ezayo yokuhlahla

Izinto ezinomthelela ebuhleni bomoba ozodluliselwa kwinkathi ezayo yokuhlahla ikakhulukazi uma kuwumoba omdala zifaka:-

- Ukulala kakhulu komoba ngenxa yesivuno esiphezulu. Ukulala komoba kugqiba kuphinde kucinanise izingoqo namaqabunga, kwenze umonakalo kwizingoqo, kumile nomoba oyimixhantela, kuphinde kuthikameze amahlumela.
- Ukuhlasela kwesihlava kuvamile emobeni odluliselwa kwinkathi ezayo yokuhlahla ngaphandle uma silawulwe ngokusifutha ngendlela.
- Kungahle kuvele ezinye izinkinga zezinambuzane nezifo njengokubola komoba (sour rot).
- Umoba oqhakazile uma odluliselwa kwinkathi ezayo imvamisa uba nenkinga yokuklayeka/yokuba nembobo ogoqweni kanye namaxhantela amaningi.
- Ukungasebenzisi izivuthwisi ngobuhlakani okuhlanganisa ukukhetha isivuthwisi okungesona, isikhathi sokufutha noma ukufutha umoba ohlaselwe isihlava.
- Ukuphuthwa amathuba okuvuthwisa umoba ozodluliselwa kwinkathi ezayo yokuhlahla ofanelwe ngabe wafuthwa. Lokhu yinto ebalulekile okumele ibonelelwe kwisizini yango-2022/2023 ngoba ezinye izigayo zihlele ukuqala ukugaya kusanekhathi.





## Ukuhlahla

Kuyadingeka ukuthi amasimu ahlelelwe ukuhlahlwa uma kuvulwa isigayo ahlolwe isimo sawo. Lokhu kwenzeka kahle uma kuthathwa ukungenani amasampula ezingoqo eziyikhulu ngokungakhethi, lezingoqo ziklaywa phakathi ukuze zihloliswe. Umlimi uzobe esebona kahle uma kunenkinga yesihlava, abone nokuthi zingaki izingoqo ezinentshakaza/eziqhakazile, ezinembobo, ezibolile, ezivuthisiwe nazo zobonakala kanye nokuthi umoba usuvuthwe kangakanani okuzosiza ekwenzeni isinqumo sokuthi mele kuqalwe kuphi ukuhlahla. Konke lokhu sekuhlanganiswe nokuhlola nge-refractometer kanye nemiphumela ye- PurEst® kuzoveza ukuthi umoba usuvuthwe kangakanani emasimini.

Kubalulekile ukuqaphela loku okulandelayo uma uzohlahla: ukugawulela phansi ithophisi ukuze kusuke

lonke itashi, ukunciphisa ukubambezeleka komoba ukuba ufike esigayweni emva kokuba ushisiwe waphinde wagawulwa. Ukungafaki izingoqo ezifile kanye nokungathuthi umoba osuhlale kakhulu ezonini waze woma konke lokhu kunomthelela ebuhleni bomoba ikakhulukazi osudlulelwe isikhathi sokuhlahlwa.

Ukusika umoba ezansi ekuqaleni nasekugcineni kwesiqu somoba ngenkathi ubushukela buphezulu ukuze ususe onke amaqabunga asekhandeni logoqo. Indlela endala yokumunca izingoqo eziphezulu ukuzwa ubushukela nayo isangasetshenziswa ukukala lakuzosikwa khona umoba. Umoba ovuthisiwe wona ungasikwa lapho kuqala khona isiqu noma ngaphansi nje kancane ekhanda lomoba ngoba luvuthwa lonke ugoqo.

## Izindlela zokulawula isihlava

Ukuze isihlava silawuleke kahle, kumele kufuthwe ngemithi ekhiqizelwe ukulwa nesihlava, lemithi fuze ifuthwe ngesikhathi esihambisana nalapho ibhu lesihlava lisuke liphezulu ngoNdasa-Mbasa-Nhlaba kuphinde kufuthwe futhi uma seliphinde labaningi ngoMandulo-Mfumfu-Lwezi. Ukufutha ngalezikhathi kuzoqondana nebhu lesihlava, namaqanda kanye nezibungu ezisencane. Ngaphandle

kokuhlola amasimu kolayini, namazoni nawo angasetshenziselwa ukuqapha isimo. Ukutholakala/ukubonakala kwamazinga amakhulu esihlava ezonini kungaba inkomba yokuthi kunesihlava esiningi emasimini, abalimi bangafutha isiphunzi esinezimpande zomoba ngemithi ukuze kugwenywe ukutheleleka kwamamasimu ngesihlava.

## Amasu okuvuselela amasimu

Ukunciphisa ukutshala kabusha isikhashana kungakuhle. Kodwa ukungatshali kabusha nhlobo kungayingozi ikakhulukazi ngoba siyazi sike saba nenkinga yesomiso phambilini, okwathi masesidlulile lesimo kwabonakala umoba osemusha ukwazi ukubuya ukhiqize kahle ukudlula omdala. Kuleminyaka ezayo, ngoba kunamathuba okulalisa amasimu isikhathi eside kungaba umqondo omuhle ukusungula izinkulisa zembewu eqinisekisiwe negunyaziwe ukulungiselela uma sekunoshintsho kwiMboni kaShukela.

Noma umlimi angakhetha ukutshala izitshalo ezivundisayo, izitshalo azozidayisa noma ashiye nje insimu kuzikhulele ukhula konke lokhu ngokuhamba kwesikhathi kungamuzuzisa. Kuzonqamuka umjikelezo wempilo wezinambuzane nezifo,

kuzokwakheka imvundo, kugcineke nomsokama konke okunomthelela omuhle emhlabathini. Amasimi angakhiqizi ngendlela iwona angasetshenziselwa lokhu, kodwa isinqumo singaphinde sincike emathubeni okutshala ezinye izitshalo zona ezingaba nomthelela ekukhetheni amasimu azolaliswa kufakwe lezo zitshalo.

Okwamanje amathimba abaqikelela ukuvikeleka komobeni adingakala kakhulu ukuzohlola umoba ozodluliselwa kwinkathi ezayo, ngakho-ke kuzobanzima ukuthi bafinyelele kuwo wonke amapulazi bahlole umoba. Abanye abalimi kuzomele bazihlolele amasimu ukuze bagweme ukulahlekelwa. Ukubambisana nabeluleki bethu ikona okunconywa kakhulu ukuze simelelane nalesimo esibhekene naso.



# Ukubambisana kwabalimi baseSmonti kulethe intuthuko

 **Ibhalwe: nguWinile Shelembe (Umeluleki wabalimi)**

Abalimi baseSmonti bahlangane ngo-1995 bakha inhlango abayibiza ngeZilungiseleni ngenhloso yokulima umoba bazithuthukise kanye nemindeneni yabo. uMnumzane uNgcongco oyilunga futhi ongomunye wabasunguli balenhlango wathenga ugandaganda ngemali yempesheni, kwalinyelwa bonke abalimi ababenesifiso sokutshala umoba kodwa bengenawo amandla ngokwezimali. Ngosizo lwabalimi abalima ngokukhulu abalimi balenhlango bakwazi ukuthola imbewu okwavunyelwana ngokuthi izokhokhelwa uma abalimi sebethole imali ngemva kokudayisa umoba.

Lenhlangano yaqala inamalunga ayishumi nanhlanu (15) namahheka angamashumi amathathu nanhlanu (35). Ukusebenza ngokuzikhandla kwabo bonke abalimi balenhlango kwanika intshisekelo abanye abalimi baseSmonti ukuthi nabo bawutshale umoba, ngalokho amalunga enhlangano anyuka. Ngonyaka wezi-2010 ngaphansi kwalenhlango babhalisa uMfelandawonye/uMphilandawonye iSmonti Agricultural Co-Op okuthe ngo-2018 bashintsha bazibiza ngeSmonti Farming Primary Co-Op. LoMphilandawonye usunamalunga angamashumi amane nanhlanu (45), amalunga ayishumi nanhlanu yintsha kanti amahheka asenyuke abayi-120. Ngokubambisana kwaloMphilandawonye u-90% wabalimi baseSmonti usunomoba ngendlela yokuthi abasenayo indawo yokuthi batshale amanye amahheka nokuba besathanda ukutshala umoba banyuse amahheka abawutshalile.

wakwazi ukuthenga ogandaganda ababili, isilenge (crane), amageja adonswa ugandaganda kanye nenqola ezilayishayo. Kuqashwe abasebenzi abahlanu okungabashayeli ababili, abaqondisi ababili kanye nomsebenzi oxhuma inaliti makutshalwa. Kuphinde kuqashwe abasebenzi besikhashana ukwenza umsebenzi odinga abantu abaningi isibonelo; ukutshala, ukuhlakula, ukufaka umanyolo nezibulalakhula njalo njalo. Iningi labasebenzi abaqashwa iloMphilandawonye kuba yintsha.

*“Siyakuthanda ukulima futhi sikuthatha njengebhizinisi. Lomsebenzi usenze saba ngabantu abazimele, sikwazile ukwakha imizi, sayisa izingane ezikoleni zaze zagogoda emaNyuvesi. Manje sizama ukusondeza izingane zethu kwibhizinisi lomoba kanti futhi sizama ukuthi bathole umsebenzi ngoba amathuba awekho.”* Kusho uMnu. Mchunu ongusihlalo waloMphilandawonye.



**Enye yemishini yenhlango okuyinqola ezilayishayo, nogandaganda ababili**

Ngokusondelana nabo bonke abeluleki bezomoba abalimi baloMphilandawonye batshale izinhlobo ezintsha zomoba. Abalimi baseSmonti bayathuthuka ngoba isizini nesizini bashaya amathani angaphezulu kwezi-4000. Ngemali yomoba loMphilandawonye



**Amalunga eSmonti Farming Co-Op kanye naBeluleki bezomoba**



Abalimi baseSmonti bayabambisana kukho konke abakwenzayo, umanyolo kanye nezibulala-khula bakuthenga ngokuhlanganyela kwehle intengo, lokhu kubanciphisela izindleko. Uma kunomlimi okushe umoba wakhe ngephutha bayeka abakwenzayo baphume bonke balekele lowo mlimi ukuze umoba uinghlali ensimini bese umlimi eyalahlekelwa.



**Abanye babasebenzi abasebasha abaqashwe inhlango**

#### Izifiso zabalimi base Smonti:

- Ukuthola uxhaso ukuze bakwazi ukuthenga umajik'eduze ngoba isilenge abanaso sifile, umajik'eduze abawusebenzisayo bayawuqasha ukuze bathuthe umoba.
- Ukuthola uxhaso ukuze bakwazi ukwakha indlu lapho abazobeka khona ndawonye yonke imishini, enjengogandaganda, imithi yokufutha ukhula kanye nomanyolo.
- Bafisa ukuzigawulela bona umoba okwamanje ukuthola usonkontileka ozoba gawulela kubanzima ngoba ukude nasendaweni futhi akagawuleli bona kuphela.
- Ukuthatha intsha beyoyenzisa izifundo zomoba i-Junior Certificate Course ne Senior Certificate Course in Sugarcane Agriculture kwiSkhungo sezoCwango loMoba.

Abalimi baseSmonti bathanda ukudlulisa ukubonga kuMnyango wezokuThutha, noMasipala ngokubalungisela imigwaqo ukuze umoba ukwazi ukuphuma kahle emasimini. Badlulisa nokubonga kumeluleki wezomoba kuMnyango wezolimo nokuThuthukiswa kweziNdawo zaseMakhaya, nabo bonke abeluleki bezomoba kwiMboni kaShukela. Baphinde babonga bancoma ukubambisana kwabo nabalimi abalima ngokukhulu ababalekelela njalo ngembewu nanoma kunezimoba ezishe ngephutha.





# Usuku lokubungaza abalimi basOgwini oluseNyakatho

**Ibhalwe:** nguMaphilisi Zulu kanye noSkhumbuzo Khuzwayo (abeluleki babalimi)

Ngomhlaka-11 kulwezi (November) abeluleki basOgwini oluseNyakatho babalimi ababuyiselwe umhlaba ngaphansi kohlelo loMnyango wozolimo kanye nalabo abazithengele amapulazi, bamema abalima ukuba babungaze nabo e-Darnall Country club. Lolusuku lwaluxhaswe abahlinzeki bezinsiza ezahlukahlukenezolimokhonaogwiniolusenyakatho. Lomcimbi wawuhlanganisa abalimi abahambisa umoba wabo ezigayweni ezimbili i-Maidstone kanye ne-Darnall. Inhloso kwakungukucobelelana ngolwazi mayelana nokukhiqizwa komoba kanye nokucophelela ukusebenzisa izinsiza ezikhona. Lomcimbi wahlelwa uMnumzane Skhumbuzo Khuzwayo ongumeluleki wabalimi ngaphansi kuka-Tongaat Hullet bebambisene noMnumzane Maphilisi Zulu ongumeluleki wabalimi ngaphansi kwesiKhungo sezoCwaningo ngoMoba, labanumzane ababili babenombono wokuhlanganisa abalimi abasebenza nabo ikakhulukazi ngoba ubhubhane (i-COVID-19) belungavumeli ukuhlangana kwabantu abaningi cishe iminyaka emibili yonke. Okwakusele kwaba ukuzama ukuthola uxhaso ukuze lolu suku lwabalimi lube impumelelo. Ngosuku lwabalimi uhlelo lwahlukaniswa kwabili:-

## Olokuqala



Kwingxenywe yokuqala yosuku kwayiwa emasimini kwenziwa ukuhlonzwa komhlabathi ukuze kuhlonzwe uhlobo lomhlabathi kanye nendlela ekufanelele aphathwe ngayo lawomasimu kubalwa uhlobo lomoba, umanyolo nokalika ekumelele usetshenziswe. Ucwepheshe ovela esiKhungweni sezoCwaningo uDokotela Thandile Mdlambuzi kanye nomeluleki uMnumzane William Gillespie ibona abebechazela abalimi ngokubaluleka kokuhlonzwa komhlabathi

ukuze wazi isivuno ongasilindela kanye nohlobo lomoba ongalutshala ukuze luhambisane nomhlabathi osemasimini. Yayiminingi imibuzo eyayibuzwa abalimi abathola kuyo izimpendulo mayelana nokuhlonzwa komhlabathi nokubaluleka kwakho, kwaze kwenziwa ngisho nombiko onzulu waphethwa ngalo lolosuku.

## Olwesibili



Ingxenywe yesibili yohlelo yayibandakanya ukwethulwa kwezihloko ezahlukahlukene ngababebambe iqhaza.

- Esokuqala kwaba omunye wabahlinzeki bezinsiza ovela kwa-Coastal farmers owabonga bonke abalimi ngokubeseka bephindelela wagcizelela ukuthi ngaphandle kwabo ibhizinisi labo alilutho.
- Kwabe sekulandela uMnumzane Gillespie yena owakhuluma ngokuhlonza umhlabathi nangokubaluleka kokusebenzisa imbewu eseqophelweni eliphezulu, lokhu wakugcizelela ngokwenza izibonelo lapho abalimi bephumelela khona uma behlola umhlabathi bese bekhetha uhlobo lomoba oluhambisana nawo.
- UNks. Anelisa Makhaye wakhuluma ngemiphumela yocwaningo eyalwenza ebheka umthelela kanye nobunzima bezimbungulu eziphuzi zomoba (Yellow Sugarcane Aphids). Abalimi bathokozela ukuzwa lemiphumela ngoba yayiqukethe ulwazi olungabasiza kakhulu.
- uMnumzane Khuzwayo wenza umbiko ovela esigayweni mayelana nomkhiqizo abawutholile nabebewulindele beyisigayo kwisizini esiphuma kuyo kanye nesikuyo. Lombiko wawethulelwa



ukwazisa abalimi ukuthi simi kanjani isimo mayelana nomthamo womoba asebewuthumelile.

- uNkk. Nolwazi Madlala wakhuluma ngoqeqesho oluhlukahlukene abalwenzayo beyiShukela Training Center.
- uMnu. Zulu wenza umbiko ngezifo, izinambuzane kanye nokuphathwa komoba odluliselwe kwinkathi ezayo yokuhlala. Inhloso enkulu yalombiko

kwakungukugcizelela ukubaluleka kokuhlola amasimu kubhekwe isihlava (eldana) ukuze kwenziwe izinqumo mayelana nalawo angeke ahlahlwe.

- Isikhulumi sokucina kwaba uDokotela Mdlambuzi owavala ngokukhuluma ngokubaluleka kokuthatha amasampula omhlabathi ukuze wazi imisoco ekhona nedingekayo emhlabathini.



### Abanye babalimi abazihlomulelela ngemikomela



Uhlelo lwabe seluvulwa ukuze abahlinzeki bezinsiza ababephinde baxhasa lolusuku bakhulume nabalimi ngezinkampani zabo kanye nemikhiqizo yabo. Abaxhasi bosuku bahlanganisa i-Coastal farmers, Kynock, Farmers Agricare, Terry surveys, Farm AG international, Te Amo Suppliers kanye ne-Sugar Coast Motors.

Ukuvala usuku kwabanabalimi abaziwinela imikhiqizo eyahlukahlukene eyayivela kubahlinzeki ababexhase lomcimbi. Emva kwalokho abalimi bakhuthazwa ukuthi bavakashele izindawo ngaphandle lapho

kwakukhangiswe khona imikhiqizo eyahlukahlukene.

uMnu. Zulu noMnu. Khuzwayo badlulisa ukubonga bonke abahlinzeki bezinsiza kusebenza abaxhasa lolusuku olwazuzisa kakhulu amakhasimede abo okungabalimi. Bakusho lokhu ngoba lolusuku lwalungeke lube impumelelo ngaphandle kwabo. Badlulise ukubonga nakuzo zonke izihambeli nezethuli ezacobebelela abalimi ngolwazi olunomqondo noluzobazuzisa emabhizinisini abo okukhiqiza umoba.



# Okuhlelelwe abalimi baseMpumalanga ngo-2022

## **Ibhalwe: nguMboniseni Buthelezi (Umeluleki wabalimi)**

Sithi asiphinde sihalalise abalimi baseMpumalanga njengoba sebenomeluleki ozobhekelela izidingo zabo eziphatelene nokulima umoba ovela esiKhungweni sezoCwaningo ngoMoba.

Indawo yaseMpumalanga iyindawo enothile kakhulu kwezolimo, lokhu kwenziwa yizinga lokufudumala okuphezulu, umhlabathi omuhle oyisibomvu nanokuthi kuyaniselwa/chelelwa. Kulezizindawo zaseMpumalanga esilima kuzo okuyiMalelane kanye ne-Komatipoort sinabalimi abaningi abalima izindawo ezincane.

Kulonyaka omusha wezi-2022 izindawo ezibalulwe ngenzansi izona esizogxila kuzo kakhulu ekulekeleleni abalimi ukuthi bakwazi ukwenza inzuzo ebhizinisini labo lokulima:



1. Sizofundisa ngokubaluleka kokuhlonzwa komhlabathi sikhuthaze abalimi ukuthi bathathe amasampula omhlabathi ukuze bazi ukuthi kumele bafake hloboluni lukamanyolo nanokuthi ongakanani ngehheka. Ukulandela izincomo ezivela kwa-FAS kunomthelela omkhulu ekutheni uthole isivuno umhlabathi okwazi ukukunika sona. Ngaphandle kokuthi uhlole umhlabathi wakho angeke wazi ukuthi yini okumele uyifake. Imisoco etholwe isitshalo inomthelela omkhulu ekukhuleni komoba wakho kanye nesivuno ozosithola. Isimo somhlabathi wakho ungasazi kuphela uma usuthole imiphumela yokuhlolwa kwesampula lakho lomhlabathi ngabakwa-FAS e-SASRI.



2. Okwesibili sizobe sesigxila ekubalulekeni kokushitsha izinyoni (sprinklers), ukubaluleka kokunakekela amapayipi ezinyoni ukuthi umlimi aqinisekise ukuthi awavuzi ukuze inyoni izokhipha umthamo wamanzi ngendlela efanele. Lokhu kudlala indima enkulu ekutheni isitshalo somlimi sikhule kahle futhi sithole amanzi ngendlela efanele ukuze isivuno sibe sihle. Inkasa inikeza umlimi inzuzo uma amapayipi elungiswa uma efile noma evuza amanzi. Abalimi kumele baphinde bahlole umthamo wamanzi adingekayo ukuze kuniseleke kahle ngosuku (irrigation scheduling) lokhu kuzogwema ukulahlekelwa ngenxa yokunisela kancane noma kakhulu.



3. Okwesithathu sizogqesha osonkontileka mayelana nokubaluleka kokufutha ukhula ngendlela efanele, ukufaka umanyolo kanye nokuhlala ngokulandela imigomo kanye nezindlela ezisemthethweni ezibekwe iMboni kaShukela.

Mayelana nolwazi olunzulu ngalezi zinhlelo abalami bangaxhumana nabeluleki babo bezolimo noma bathinte uMboniseni ku- 0833036305.



# Uqeqesho kubalimi abalima ngokuncane (*amaSSG's*)

 **Ibhalwe: nguSifiso Hlela (Umeluleki wabalimi)**



IsiKhungo sezoCwanningo ngoMoba u-SASRI behlangene nabomnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweziNdawo zaseMakhaya okungu-DARD bahlangane nabalimi ngenhloso yokubaqeqesha ngohlelo lokukhiqizwa kwembewu yomoba eseqopheleni eliphezulu nemithetho elandelwayo uma kutshalwa umoba ozoya esigayweni.

Kubalulekile uma umlimi etshala asebenzise imbewu ehambisana nendawo yakhe. Lokhu ukwenza ebukela umhlabathi nesimo sezulu kuleyo ndawo azotshala kuyo ukuze athole isivuno esizomzuzisa ahlale njalo esebhizinisini lomoba. Abeluleki banikeze abalimi ulwazi ngezindlela zokutshala imbewu yomoba ngendlela evumelekile. Baqale ngoMandulo (September) baze baqeda ngoMfumfu (October). Lezifundo zenzeke ngaphansi kokulandela imithetho ebekiwe yokuvimbela ukubebhetheka kokhuvethe lwe-COVID-19.

Loluqeqesho lutholwe abalimi baseMpumalanga okuyimishini i-Komatipoort nowaseMalelane, abalimi kulezindawo baluthokozela kakhulu lolusuku ngoba besekuneminyaka ethi ibe miningi bengenaye umeluleki ovela kwa-SASRI oqondene nabo. Kwase kubuyelwa e-KZN kwaqalwa oGwini oluseNingizimu okuyiSezela noMthwalume sasesiphikelela Maphakathi nezwe e-Eston naseNoodsberg. Kwabuyelwa Ogwini oluseNyakatho okuyimishini i-Gledhow, Maidstone kanye ne-Darnal sabe sesinyukela e-Zululand okufaka i-Amatikulu, Felixton neNtumeni sayivala ngoMfolozi, Jozini noPhongolo. Sibe nesikhathi esimaxhapheshi impela kodwa siwudlulise kahle umlayezo wokukhiqizwa kwembewu kulandelwa imithetho yeMboni kaShukela.

Abalimi baphinde bazizuzela ngolwazi ngezifo nezinambuzane zomoba. Izinga lezifo nezinambuzane kubalimi abahambisa umoba esigayweni nalo ludingidiwe kabanzi ngokwezifunda mshini. Okubaluleke kakhulu loluqeqesho lukhombise ukubambisana phakathi kwezinhlaka zeMboni kaShukela ngoba ngesikhathi semibuzo eminye ibizithinta zonke izinhlaka okungabemishini, izinhlangano zabamele abalimi, abakwaHulumeni kanye nabeZifo neziNambuzane nokuSatshalaliswa kweziNhlabo zoMoba. Abalimi baphinda banikezwa namabhuku angabasiza ekulimeni kwabo okubalwa kuwo iNGEDE, kanye nezinye izincwadi ezikhuluma ngokukhiqizwa komoba ezahlukahlukene. Lezifundo sisazoziqhuba emiphakathini eyehlukene ngokwamaWadi anomoba sesizobe sihlelela labo abangaphumelelanga ukuluthola lolulwazi.



**Abalimi bomoba baseMpumalanga bethamele izifundo**



Thola ama-video amafishane amayelana nomoba ngo-WhatsApp (**Kumeluleki**) naku-YouTube (**SASRI**)



**Qaphela**

# Qaphela ukuthomba okuphuzi (*orange rust*)

 **Ibhalwe: ngu-Sharon McFarlane (Umcwaningi ngezifo zomoba kwaSASRI)**

Siyacela niqaphele uma nibona lezimpawu kunanoma iluphi uhlobo lomoba noma ngabe ungakanani kuzozonke izindawo ezitshale umoba. Sicela nibikele ihhovisi labeZifo neziNambuzane nokuSatshalaliswa kweziNhlobo zoMoba eliseduze nani uma kukhona okusolisayo enikubonayo. Kungenzeka ukuthomba okuphuzi (*orange rust*) kubhehtheke ngokushesha kwiMboni yethu uma nje kuke kwaqala kwatholakala.

Phambilini izinhlamvu zalokuthomba sezike zatholakala konoxhaka bezinhlamvu ababekwe kwelinye lamapulazi esiKhungo sezoCwaningo e-Komatipoort, kodwa sona isifo uqobo besingakabonakali emobeni waseNingizimu Afrika.



**Uma uhlangabezana nalesisifo sicela uthinte enye yalezi zinombolo:-**

Isifunda mshini	Uchwepheshe	Inombolo yocingo
Umzimkulu	Mnu. Khomo	082 653 3151
	Mnu. Thwala	060 571 3355
Sezela	Mnu. Nkala	082 655 0387
	Mnu. Mntungwa	079 453 2124
Eston	Mnu. Botha	082 654 3546
	Mnu. Wilkinson	082 654 3549
Noodsberg	Nks. Edmonds	071 334 8122
	Mnu. Naude	082 653 3144
North Coast	Nks. Khumalo	082 789 9218
	Mnu. Gillespie	083 661 002
Amatikulu/Entumeni	Mnu. Klusener	082 655 3568
	Mnu. Radzilani	083 653 3150
Empangeni/Felixton	Mnu. Mnguni	082 801 3064
	Mnu. Foxon	083 459 7003
Jozini /Pongola	Mnu. De Beer	078 894 9026
	ihhovisi	034 413 2120
Mpumalanga	Mnu. Adendorff	083 655 5011
	Nks. Trumpelmann	083 335 3846

## ABADIDIYELI

Sifiso Hlela, Thulani Masondo, Bulela Phoswa, Khanyisile Buthelezi, Nqobile Nxumalo & Wayne Mthembu (Umhleli)

Ikhishwa kathathu ngonyaka; January, May nango-September

Imibono nemibuzo: Nqobile Nxumalo: 031 508 7511 Email: Nqobile.Nxumalo@sugar.org.za

Amalungelo okuqopha aqukethwe kulo mbhalo. Ayikho ingxenye yalo msebenzi engaphinda yenziwe nanganoma iyiphi indlela ngaphandle kwemvume ebhaliwe yomshicileli. Yize yenziwe yonke imizamo yokuqinisekisa ubuqotho bolwazi olushicilelwe kulo msebenzi, isikhungo sezoCwaningo ngoMoba saseNingizimu Afrika (SASRI) asizukuthathelwa zinyathelo ngokulahleka noma ukulimala okungehlakalela umuntu ngenxa yokulandela ulwazi oluqokethwe lapha. Ukusetshenziswa kwamagama nezikhangisi ezinobunikazi kulomshicilelo akungathathwa njengokuqinisekisa/guquzela ukuthi zisetshenziswe.

